

**Ngumongameli
uHenry B. Eyring**

Ikhansela Lokuqala
kubuMongameli Bokuqala



Imindeni kanye noMthandazo

Ngenkathi, ngihlala eceleni kombhede kababa wami ubusuku bonke, wakhuluma ngokukhula kwakhe. Wakhuluma ngothando lwabazali bakhe ezikhathini ezinzima futhi nolukaBaba wakhe waseZulwini kanye noMsindisi. Ngangikwazi ukuthi wayephethwe yisifo somdlavuzi, esikhathini esiningi azange ngimangale ngenkathi ephambanisa imizwa yakhe kanye nekaBaba wakhe waseZulwini futhi nothando kanye nesihawu sikababa wakhe wasemhlabeni. Ubaba wami wayehlezi ekhuluma ethi ngenkathi ethandaza, wayecabanga ukuthi wayekwazi ukubona ukumoyizela kukaBaba waseZulwini enqondweni yakhe.

Abazali bakhe bamfundisa ngokwenza isibonelo sokukhuleka sengathi wayekhuluma kuNkulunkulu futhi uNkulunkulu wayemphendula ngothando. Wayedinga lesosibonelo ekugcineni. Ngenkathi ezwa ubuhlungu obukhulu, sasimthola ekuseni eguqe ngamadolo eduzane kombhede. Wayebuthakathaka kakhulu ukuba agibele phezu kombhede. Wasitshela ukuthi wayekhuleka kuBaba wakhe waseZulwini ebuza ukuba yingani wayehlupheka kangaka ekubeni wayezama ukuba ngumuntu olungileyo. Wathi impendulo enhle yeza: “uNkulunkulu udinga amadodana anesibindi.”

Ekugcineni waqina, ethemba ukuthi uNkulunkulu wayemthanda, emlalela, futhi wayezamphakamisa. Wayebusisekile ukuba wayazi masishane futhi nokuthi angakhohlwa ukuthi uNkulunkulu onothando usondelene naye ngomthandazo.

Yingakho iNkosi yafundisa abazali, “Futhi bazakufundisa izingane zabo ukuthandaza, futhi bahambe ngokulungisa phambi kweNkosi” (D&C 68:28).

Ivangeli likaJesu Kristu labuyiswa—Kanye neNcwadi kaMomoni futhi nezikhiye zonke zobupristi lezo ezizohlenganisa imindeni—ngokuba uJoseph Smith ngenkathi esengumfana wakhuleka ngokholo. Ukhohlo lolo walithola emndenini onothando futhi onokholo.

Eminyakeni engamashumi amabili ayadlula iNkosi yanikeza imindeni iseluleko ku “Umndeni: Isimemezelo kuMhlaba” kuMongameli Bokuqala kanye neKhoramu yabaPostoli Beshumi Nambili: “Imishado kanye nemindeni ephumelelayo isungulwa futhi igcinwa ngemigomo wokholo, umkhuleko, inguquko, ukuxolela, inhlonipho, uthando, uzwelo, umsebenzi, kanye nezinto ezinhle esichitha isikhathi sethu ngazo.”¹

Sikweleda kakhulu ukubonga kumndeni kaJoseph Smith uMprofethi ngokukhuliswa kwakhe. Umndeni wakhe wamkhombisa isibonelo hhayi kuphela sokholo kanye nomkhuleko kepha kanye nenguquko, uxolo, inhlonipho, uthando, uzwelo, umsebenzi, kanye nezinto ezinhle esichitha isikhathi sethu ngazo.

Isizukulwane esizoza emva kwakho singathi ubusisekile ngesibonelo osenzile somkhuleko emndenini wakho. Ungahle ungakhulisi inceku enkulu kaNkulunkulu, kepha ungakwazi ngemithandazo yakho kanye nesibonelo senkolo yakho ukusiza iNkosi uJesu Kristu ikhulise izinceku zayo ezilungile futhi ezithandekayo.

Konke ongahle ukukhethe ukukwenza ukusiza iNkosi, umthandazo kuzoba yiwona okubaluleke kakhulu. Kukhona abantu nje, uma bekhuleka, bagququzela abanye ukuba bavule amehlo abo ukuze babone ukuba kukhona bani. Ungaba umuntu onjalo.

Cabanga ukuthi lokho kungasho ini kulabo oquqa kanye nabo kumthandazo womndeni. Uma bezwa ukuthi ukhuluma kuNkulunkulu ngokholo, ukholo lwabo luza-phakama ukuba nabo bakhulume kanye noNkulunkulu. Uma uthandazela ukubonga kuNkulunkulu ngezibusiso abazaziyo ukuba bazitholile, ukholo lwabo luzokhula ngolwazi lokuthi uNkulunkulu uyabathanda futhi uphe-ndula imithandazo yakho futhi uzakuphendula eyabo. Lokho kungenzeka emkhulekweni womndeni kuphela nje uma ukewaba nesifundo somkhuleko uwedwa, esikhathini esiningi.

Ngisabusisekile ngokuba nobaba kanye nomama ababekhuluma noNkulunkulu. Isibonelo sabo ngamandla womkhuleko womndeni kuyisibonelo namanje sezizukulwane ezeza emva kwabo.

Izingane kanye nezizukulwane zami zibusisekile mihla yonke ngesibonelo esenzwa ngabazali bami. Ukholo lokuthi uNkulunkulu othandekayo uyezwa futhi aphen-ndule imikhuleko lidluliselwe kubona. Ungenza okuzakhumbuleka okunjalo kumndeni wakho. Ngikhulekela ukuthi ukwenze.

AMANOTHI

1. "The Family: A Proclamation to the World," *Liahona*, Nov. 2010, 129;

GUBHA UMYAKA WESI-20 WOKUKHUMBULA ISIMEMEZELO KUMNDENI

"Umndeni: Isimemezelo kuMhlaba" sifundisa nge-migomo esebenzayo kulezikhathi zamanje njengesikhathiesakhonjiswa ngomhlaka 23 kuSeptemba, 1995. Cabanga ngokumema umuntu noma imindeni oyifundisayo ukuba bagubhe usuku lwesi20 lwesikhumbuzo ngesimemezelo.

1. Ngokubeka imigomo equkethe ukubaluleka kakhulu kubona. (Bona okwenzwa nguMongameli Eyring ngomkhuleko kumlayezo ongaphezulu.)
2. Ukuxoxisana ngemigomo omunye ngamunye ukuthi INGAKUBUBISA kanjani namuhla futhi nasesikhathini esizayo.
3. Ubeke injongo eqondile ekusebenziseni leyomigomo ezimpilweni zabo futhi babelane ngazo nabanye.

INTSHA

Ukusebenza Emthandazweni

Umongameli uEyring ufundisa ukuthi umndeni wakho ungabusiseka ngobudlelwane bakho kanye noBaba waseZulwini. Ungaqinisa ubudlelwane bakho kanye Naye ngokuqinisa imithandazo yakho! Nayi eminye yamasu ambalwa wokwenza njalo:

Ngaphambi kokuba uqale umthandazo wakho, thatha ithuba elifushane ukuba ucabange ngalokho ofuna ukukhuluma ngakho. Cabanga ngemibuzo ongahle ubenayo noma izinto ezilokhu zikuphethe kabi—ungazibhala phansi ukuze ungakhohlwa. Sebenzisa lesikhathi ukuba ususe izinto eziyinkinga zosuku ukuze ubhekane nokuyalwa koMoya oyiNgcwele. Uma ingqondo yakho iphambuka ngenkathi uthandaza, zama ukucabanga ngoBaba waseZulwini elalela. Khuluma ucacise. Futhi, ushiye imizuzu embalwa ekugcineni komthandazo ukuba uzwe ukuyalwa okuvela kuMoya oyiNgcwele. Ungabhala phansi okuzwayo kwijenali yakho.

Khumbula ukuthi umthandazo ungumsebenzi, ungakhathazeki uma kuthatha isikhathi noma kubukeka kunzima! Umzamo wakho ekuthandazeni ungasiza ukuba wenze ubudlelwane kanye noNkulunkulu obuzobusisa izizukulwane.

IZINGANE

Inkumbuzo yoMthandazo

Umongameli uEyring ufundisa ukuthi kubalulekile ukuthandaza kanye nomndeni wakho. Ungaba yisibonelo kumndeni wakho ngokuthandaza nsuku zonke. Ungaphinde ukhumbuze umndeni wakho ukuba uthandaze ndawonye nsuku zonke. Khumbula lesisho esivela kwinkulumbo kaMongameli uEyring: "uBaba waseZulwini uzwa imithandazo yakho. Uyakuthanda. Uyalazi igama lakho" ("Continuing Revelation," *Liahona*, Nov. 2014, 73). Bhala phansi lesisho kwicezu lekhadi noma iphepha futhi ulibeke lapho wonke umndeni uzakulibona khona. Ngalendlela ungakhumbula ukuthi uBaba waseZulwini ufuna ukuzwa wena!

© 2015 ngo Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Kushicilelwe e-USA. Isingisi esivunyelwe: 6/14. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/14. Ukuhumusha ko *First Presidency Message, September 2015*. Zulu. 12589 783



Ukholo, Umndeni, Inkululeko

Izibonakaliso Ezingcwele zikaJesu Kristu: Ezinamandla futhi Ezigcwele iNkazimulo

Ngomkhuleko funda lemibhalo futhi ufune ukwazi ngalokho ongabelana ngakho. Ukuqonda impilo kanye nezindima zikaMsindisi kuzokhulisa kanjani ukhoho lwakho kuYena futhi kubusise kanjani labo obaqaphile ngokufundisa ngokuvakasha? Ukuthola ulwazi olwengeziwe, iya ku www.reliefsociety.lds.org.

Lena yingxenye yeMilayezo yokuFundisa ngokuVakasha elandelanayo ephathelene nezibonakaliso ezingcwele zikaMsindisi.

Izincwadi ezingcwele zisifundisa ukuthi uJesu Kristu “wathola wonke amandla, asezulwini Kanye nasemhlabeni, futhi inkazimulo ka-Baba yayi kanye naye” (D&C 93:17). IGosa uM. Russell Ballard weKhoramu labaPostoli Beshumi Nambili wathi ngalamandla uMsindisi wethu wadala izulu Kanye nomhlaba, wenza izimangaliso, futhi wabekezelela ubuhlungu eGethsemane nase Calvary.¹ Njengoba sithola ukuzwisisa ngalokhu, ukhoho lwethu kuKristu luzakukhula, futhi sizaqina kakhulu.

Njengoba senza futhi sigcina imiyalelo yasethempelini, iNkosi izosibusisa ngamandla Ayo. uLinda K. Burton, uMongameli jikelele Wenhlango Yabesimame Ekhulekile, wathi: “Ukugcina isivumelwano kuqinisa, kunikeze amandla, futhi kukuvikele. . . . Ngihlangene nomngane othandekayo kamuva nje. Wabeka ubufakazi bakhe bokuthi emva kokuthola

ukugcotshwa kwasethempelini, wazizwa enamandla wokumelana nezilingo.²

uNifayi ubeka ubufakazi bakhe ngamandla wesivumelwano: “Mina, uNifayi, ngibone amandla Wemvu kaNkulunkulu, lawo ehlela . . . phezu kwabantu abenze isivumelwano neNkosi, . . . futhi babephethe izikhali zokulunga futhi namandla kaNkulunkulu nenkazimulo enkulu” (1 uNifayi 14:14).

Eminyane imiBhalo eNgcwele

uJeremiya 51:15; iSambulo 1:6; uJakobe 4:6–7; uMozaya 3:17

Kuvela embhalweni Ongcwele

Ezizwa enozwelo kuMartha kanye noMary, uJesu Kristu wavusa umfowabo uLazarus ekufeni ngamandla avela kuNkulunkulu ayenawo.

uJesu wafika ekhaya lika Martha kanye noMary emva kokuba uLazarus esethuneni izinsuku ezine. Bahamba baya ethuneni likaLazarus, uJesu wathi itshe lelo elalivale umyango wethuna lisuswe. uJesu

wathi kuMartha, “Angizange na ngikutshela, ukuthi uma wena ungakhohwa, uzakubona inkazimulo kaNkulunkulu?” Wayesethandaza kuNkulunkulu uBaba futhi “wakhala ngezwi elikhulu, Lazarus, woza.

“Futhi loyo owayeshonile weza, izandla kanye nezinyawo ziboshiwe ngezingubo zokuncwaba. (Bona uJohane 11:1–45.) uMsindisi usebenzisa amandla Akhe ukuba sisindiswe futhi asiphe amandla. Ukhoho lwethu Kuye luzakuphakama njengoba sikhumbula ukuthi Yena unamandla kanye nenkazimulo.

AMANOTHI

1. Bona uM. Russell Ballard, “This Is My Work and My Glory,” *Liahona*, May 2013, 18.
2. uLinda K. Burton, “The Power, Joy, and Love of Covenant Keeping,” *Liahona*, Nov. 2013, 111.

Cabanga Ngalokhu

Amandla kaNkulunkulu asihlomisa kanjani ukuba sibe namandla kanye nenkazimulo?